

ISAZISO SOMTHETHO NOKUZIVIKELA

Lesi sivumelwano ngeseCSIR nomunye umuntu ongena nosebenzisa le website noma labo abangena ngabo (abaseBenzisi).

Qaphela ukuthi ngokungena kule website uyisebenzisa ngokwakho futhi uzibophezelam emigomweni nemibandela echaziwe lapha. Uma ungazimisele ukwamukela le mibandela, phuma kule website ngoba ngeke ungene, uveze, usebenzise noma ukhangise ngokuqukethwe kuyo. Ngokuyisebenzisa uzibophezelam ekutheni ngeke uyisebenzisele ubugebengu noma okunye okubheke eceleni nokuthi usebenzisa ikhompyutha noma okunye ogunyaziwe ukukusebenzisa.

I-CSIR yenza konke okusemandleni ukuthi okuqukethwe lapha kuhlale kukusha, kuphelele, kushaya emhlolweni kodwa ayiqinisekisi ukuthi ulwazi olulapha luhlale lulusha, luyiqiniso, ngakho ingcabha ikuwe ukuthi uqinisekise lolu lwazi ngaphambi kokuthi ulusebenzise. I- CSIR ayiqinisekisi ukuthi le website ayiphazamiseki, ayinazilokazana. Wumsebenzi woyisebenzisayo ukuqinisekisa ukuthi ikhompyutha yakhe nezinto zayo kuyahambisana nala website.

Uma le website ixhumeka kwenye i-website, lokho akufanele kuthathwe ngokuthi kunobudlelwano phakathi kwavo ngokwemibandela nemigomo. Ukusebenzisa lokho kuxhumana kuyoba yindaba yakho. Ngokwesigaba 15(1) somThetho woMaka bezokuDayisa (umThetho wama-17 wangowama1941) ngokuchitshiyelwa, noma wubani noma oxhumene naye ngeke asebenzise uphawu, igama namagunya eCSIR ngaphandle kwemvume ebhaliwe yeCSIR.

Uma kukhona okuhlinzekwe yile website kungenzeki noma kungakhishwa emibandeleni nasemigomweni, leyo mibandela nemigomo iyophubeka nokusebenza. Ukuhluleka ukusebenzisa leyo migomo nemibandela ngeke kusho ukuthi liyaxegiswa lelo lungelo. I-CSIR inegunya lokushintsha nokufaka izinto ezintsha kule website noma nini kanti kungenzeka ingasebenziseki ngalezo zikhathi.

I-CSIR, umkhandlu wayo, abaphathi bayo, izisebenzi, abangaphansi kosonkontileka, abayimele ngeke babekwa cala ngokumangalelwano (ngokulimala, ngabomu noma ngephutha noma ngayiphi indlela), ukulahleka noma izindleko zezisebenzi, abangaphansi kosonkontileka noma abayimele okungenzeka ngokusebenzisa okuqukethwe yile website noma ukusebenza kwayo. Ngokungena nokusebenzisa le website awubeki cala iCSIR, isigungu sayo, abaphathi bayo, izisebenzi zayo, abangaphansi kosonkontileka noma abayimele ngengozi engadaleka ngomunye umuntu ngokusetshenziswa kwale website.

Le website ilawulwa yimithetho yaseNingizimu Afrika. Ukusebenzisa le website kusho ukwamukela le mibandela nemigomo, okuyisivumelwano esithathwa njengesenziwe ePitoli eNingizimu Afrika.